


NguMongameli uThomas S. Monson

# Ukulalela Kuletha Izibusiso

*Ulwazi lweqiniso kanye nezimpendulo zemibuzo yethu emikhulu luza kithi njengoba silalela imiyalelo kaNkulunkulu.*

Bafowethu kanye nodade bami, ngiyabonga ukuba kanye nani ekuseni banamhlanje. Ngifuna uthando okholweni lwenu kanye nasemikhulekweni yenu njengoba ngivumelekile ukukhuluma nani.

Eminyakeni eyadlulayo, owesilisa kanye nowesifazane bafune ulwazi kanye nokuzwisisa mayelana nalempilo yangenyama futhi nendawo kanye nenhloso kuyona, kanye nendlela enoxolo futhi enenjabulo. Ukuthungatha okunjena kwenziwa nguwowonke umuntu.

Lolulwazi kanye nokuzwisisa lukhona kuwowonke umuntu. Luphakathi kwamaqiniso angunaphakade. Kwi Mfundiso kanye Nezivumelwano isahluko 1, ivesi 39, sifunda kanjena, "Mamela, futhi, iNkosi inguNkulunkulu, futhi uMoya ongcwele ubeka ubufakazi, futhi irekhodi liyiqiniso, iqiniso liyohlala likhona ingunaphakade".

Umbhali zinkondlo wabhala kanjena:

*Noma-ke amazulu ehlukana*
*futhi neziphethu zomhlaba zaqhekeka,*
*Iqiniso, ukuphelela kwempilo,*
*kuzakuphelisa okubi,*
*Phakade, okungaguqukiyo,*
*ingunaphakade.*[1]

Abanye bangabuza, "Litholakala kuphi leloqiniso elinjena, futhi thina singalibona kanjani?" Ngesambulo esanikezwa ngumprofethi uJoseph Smith eKirtland, Ohio, ngoMeyi ka 1833, iNkosi yamemezela:

"Iqiniso luwulwazi lwezinto njengoba zinjalo, futhi njengoba zazinjalo, futhi njengoba zizakubanjalo ngokuzayo. . . .

Umoya ongcwele weqiniso unguNkulunkulu. . . .

"Futhi akekho umuntu owathola ngokuphelele ngaphandle kokuthi wagcina imiyalelo.

"Loyo ogcina imiyalelo yakhe uthola iqiniso kanye nokukhanya, kuze kufike lapho edunyiswa ngeqiniso futhi azi zonke izinto."[2]

Kuyisithembiso esikhulu! "Loyo ogcina imiyalelo yakhe uthola iqiniso kanye nokukhanya, kuze kufike lapho edunyiswa ngeqiniso futhi azi zonke izinto."

Asikho isidingo kuwe noma esami kulesikhathi sokukhanya, lapho ivangeli ngokuphelele liye labuyiswa, ukuntweza ezilwandle ezingahloliwe noma ukuhamba emgwaqweni ongabhaliwe ngokuyofuna isiphethu seqiniso. Ngokuba uBaba waseZulwini othandekayo wasikhombisa indlela wasinikeza nebalezwe elingahluleki—ngisho*nokuthembakala!* Ulwazi lweqiniso kanye nezimpendulo zemibuzo yethu emikhulu ziza kithina njengoba silalela imiyalelo kaNkulunkulu.

Sifunda ukulalela empilweni yonke yethu. Ekuqaleni ngenkathi sisebancane kakhulu, labo ababenomsebenzi wokusinakekela babeka phambili izindlela ezikhombisayo kanye nemithetho ukuqinisekisa ukuba siphephile. Impilo beyizokuba lula kithi sonke uma besingalalela leyomithetho ngokupheleleyo. Abaningi bethu, kepha, bafunda ngokuthola isifundo ngokulalela.

Ngenkathi ngisakhula, njalo ngehlobo kusukela ngoJulayi ukuya kuSeptemba, umndeni wami wawuhlala endlini eyayikhiwe ngezingodo eVuvian Park eProvo Canyan eUtah.

Omunye owayengumngani wami engangimkhonzile ngalezozinsuku ezazibekiwe zokubuya ekhaya kwicanyon kwakungu Danny Larsen, umndeni wakhe okade unendlu eyakhiwe ngezingodo eVivian Park. Njalo ngosuku yena kanye nami

sasigcwala yonke indawo, sidweba izinhlanzi emceleni wamanzi kanye nomfula, sibutha amatshe kanye nezinye izinto, eziyigugu, sihamba ngezinyawo amabanga amade, sigibela, futhi sijabulela umzuzu owodwa wehora losuku.

Ngolunye usuku ekuseni uDanny kanye nami sacabanga ukuthi senze umlilo ngalobobusuku kanye nabobonke abangane bethu ababehlala eduzane kanye nathi. Sasidinga ukuthi silungise indawo eseduzane nehlathi lapho sonke esasizobuthelana khona. Utshani owawumboze inkundla wawuwomile futhi uhlaba, okwenza ukuba inkundla ingafaneleki ukwenza imisebenzi yethu. Saqala sadonsa utshani obude, sicabanga ukuthi sizawususa indawo eningi, indawo eyindingilizi. Sasebenza kanzima ngawowonke amandla ethu, kepha esakutholayo kwakuwukhula oluncane ezandleni zethu. Sasazi ukuba lomsebenzi uzakuthatha usuku lonke, futhi nomfutho wethu kanye nokuzimisela kwakuncipha.

Lokho engakucabanga ukuthi kwakuyisu elihle kweza engqondweni yomfana oneminyaka eyisishayagalolunye ubudala. Ngathi kuDanny, "Kuphela nje esikudingayo ukushisa lamahlathi ngomlilo. Sizaku *shisa* amahlathi enze indingiliza!" Wavele wavuma, ngasengigijima ngiya endlini yethu eyayakhiwe ngezingodo ukuyolanda umetshisi ombalwa.

Ningacabangi ukuthi emnyakeni oyisishagalolunye sasivumelekile ukusebenzisa umetshisi, ngifuna ukubeka sobala ukuthi mina kanye noDanny sasingavumelekanga ukuwusebenzisa ngaphandle kokunakekelwa ngabadala. Sobabili sasiyaliwe kaningi ngobungozi bomlimlo. Kepha-ke, ngangazi ukuthi umndeni wami wawubeke kuphi umetshisi, futhi sasidinga ukususa ihlathi. Ngaphandle kokucabanga kaningi, ngagijimela endlini yethu yezingodo ngase ngithatha umetshisi ombalwa, ngaqinisekisa ukuba kwakungekho owayengibona. Ngawufihla masishane ephokwetheni lami.

Ngasengigijima ngibuyela kuDanny, ngijabulile ukuthi ephokwetheni lami ngangiphethe isixazululo senkinga yethu. Ngiyakhumbula ngicabanga ukuthi umlilo uzakusha kuphela lapho esifuna khona futhi uzakuzicima wona ngokwawo.

Ngalayitha umetshisi etsheni futhi ngasengilayitha utshani wangoJuni ngomlilo. Kwavutha sengathi kwakuthelwe uphethiloli. Ekuqaleni mina kanye noDanny sasijabulile njengoba sibuka ihlathi linyamalala, kepha kwabasobala ukuthi umlilo angeke wazicima wona ngokwawo. Sasesishaywa uvalo njengoba sibona ukuthi yayingekho into esasingayenza ukuba siwuvimbe. Amalangabi omlilo omkhulu waqala ukulandela ihlathi elalilikhulu phezulu entabeni, izihlahla zophayini zazisebungozini kanye nakhokonke okwakusendleni kwawo.

Ekugcineni sasingenakho ukwenzenjani ngaphandle kokubaleka siyofuna usizo. Masishane wonke owesilisa kanye nowesifazane eVivian Park wayesephansi phezulu enyuka ngamanzi, beshaya amalangabi bezama ukucima umlilo. Emva kwamahora ambalwa amalangabi asesele wacimeka. Izihlahla ezakudala zophayini zasindiswa, njengoba amalangabi bengahle ekugcineni afinyelele nasemakhaya.

uDanny kanye Nami safunda izifundo ezimbalwa nezinzima futhi ezibalulekile ngalolosuku— okunye kwakungukubaluleka kokulalela.

Kunemithetho kanye nemiyalelo yokusiza ukuqinisekisa ukuba imizimba yethu iyakhuseleka. Ngokufanayo, iNkosi isilethele izindlela ezikhombayo kanye nemiyalelo ukuba isisize sikhuseleke emphefumulweni yethu ukuze zikwazi ukuhamba ngendlela efanele yempilo yokufa ngokwenyama futhi sikwazi ekugcineni ukubuyela siyohlala kanye noBaba wethu waseZulwini.

Kwisizukulwane esinyukele esikweni lomhlatshelo wesilwane, uSamuweli ngesibindi wamemezela, "Ukulalela kungcono kunomhlatshelo, futhi nokulalela kunezinyamazane zenduna."[3]

Kulempilo yempilo yangenyama, iNkosi yaveza kuMprofethi uJoseph Smith ukuthi Yena udinga "inhliziyo kanye nengqondo ezimisele; futhi loyo ovumayo futhi olalelayo uzakudla okuhle kwasezweni laseZayoni kulezinsuku zokugcina.[4]

AbaProfethi bonke, abakudala kanye nabamanje, babekwazi ukuthi ukulalela kubalulekile kakhulu kwinsindiso yethu. uNifayi wamemezela: "Ngizoya futhi ngenze izinto lezo iNkosi engiyalile ukuba ngizenze."[5] Noma-ke abanye benza okungahambisani kanye nokholo lwabo kanye nasekulaleleni kwabo, akuzange ngisho nakanye uNifayi enqaba ukwenza lokho iNkosi yayimcele kona. Izizukulwane ezingakaze kwakhulunywa ngazo zibusisiwe ngaleso sizathu.

Isehlekalo esishintsha umphefumulo womuntu esokulalela kukaAbrahamu kanye noIzaka. Kwakubuhlungu obunzima kangakanani kuAbrahamu, elalela imiyalelo kaNkulunkulu, ukuba athathe uIzaka loyo owayemthanda ukuba amhambise ezweni laseMoriya ukuba ayomenza umhlatshelo. Singakwazi ukucabanga ngokusinda kwenhliziyo kaAbrahamu njengoba ehamba eya kwindawo ayeyikhonjisiwe? Nangempela ubuhlungu obeza balimaza umzimba wakhe kanye nomqondo wahlukumezeka njengoba efasa uIzaka, embeka kwiAlthari, futhi ethatha umese ukuba ambulale. Ngokholo oluqinile kanye nethemba eliphelele eNkosini, wavuma umyalelo weNkosi. Kwaba intokozo kakhulu ukuzwa amazwi akhulunywa, futhi kwamangaza kakhulu: "Ungabeki isandla sakho kuloyo olele, futhi ungenzi lutho kuyena: ngoba manje ngiyazi ukuthi wena uyemesaba uNkulunkulu, ngiyabona ukuba wena awuzange unqabe ngendodana yakho, indodana yakho eyodwa kimi.[6]

uAbrahamu walingwa futhi wavivinywa, futhi ukuba nokholo kwakhe kanye nokulalela iNKosi yamnikeza isithembiso esihle kakhulu: "Kwimbewu yakho zonke izinhlanga

emhlabeni zizakubusiswa; ngoba wena ulalele izwi lami."[7]

Noma-ke singacelwanga ukuba sikhombise ukulalela kwethu ngendlela emangazayo futhi ezwisa inhliziyo ebuhlungu, ukulalela futhi kuyadingeka kithina.

Wamemezela uMongameli Joseph F. Smith ngoOkthoba 1873, "Ukulalela umthetho wokuqala ezulwini."[8]

Wathi uMongameli uGordon B. Hinckley, "Injabulo yabaNgcwele Bezinsuku zokugcina, uxolo laba-Ngcwele Bezinsuku -zokugcina, inqubekela phambili yaBangcwele Bezinsuku zokugcina, intuthuko yaBangcwele Bezinsuku zokugcina, kanye nensindiso yangunaphakade futhi nokuphakamiselwa phezulu kwabantu kume ekutheni abantu kumele balalele imiyalelo . . . kaNkulunkulu."[9]

Ukulalela kujwayelejike kuwowonke ongumprofethi; kulethe amandla kanye nolwazi kuyoyonke iminyaka. Kubaluleke kakhulu kithina ukubona ukuthi, nathi futhi, sivumelekile ukuthola lamandla kanye nolwazi. Kutholakala masishane komunye nomunye wethu namuhla njengoba silalela imiyalelo kaNkulunkulu.

Eminyakeni eminingi eyadlula, Ngiyengazi abantu abaningi abaye babanokholo futhi belalela. Ngiyengabusiseka futhi ngathola ukugqugqquzeliswa yibo. Make ngabelane ngesehlakalo sababili abanjalo.

uWalter Krause wayeyilungu leBandla elaliqinile, yena kanye nomndeni wakhe babehlala endaweni eyashitshwa yabizwa ngokuthiwa Impuma langaneJelemani emva Kwempi Yomhlaba Yesibili. Ngaphandle kokubhekana nobunzima ahlangabezana nakho ngokuba inkululeko yayingekho kuleyondawo yasemhlabeni ngalesosikhathi, uMfo uKrause wayeyindoda eyayithanda futhi isebenzela iNKosi. Waqedelela ngokholo kanye nokuzimisela wonke umsebenzi ayenikezwe wona.

Enye indoda, uJohann Denndorfer, owazalelwa eHungary, waguquka wabayilungu leBandla eJalimani futhi wabhabhadiswa lapho ngo 1911 eneminyaka engu 17 ubudala. Kungasikudala emva nje wabuyela eHungary. Emva kweMpi Yomhlaba Yesibili, wazithola eyibanjwa kumhlaba azalelewa kuwona, edolobheni iDebrecen. Abantu baseHungary babengakhululekile nabo futhi.

uMfo uWalter Krause, owayengemazi uMfo uDenndorfer, wathola umsebenzi wokuba nguthisha ngokuvakasha wakhe futhi amvakashele ngasosonke isikhathi. Umfo Krause wabiza umlingane wakhe wothisha ngokuvakasha wasethi kuyena, "Sithole umsebenzi wokuyovakashela uMfo uJohann Denndorfer. Ungakwazi ukubakhona ungiphelekezele ukuyombona kuleviki futhi simnikeze umlayezo wevangeli na? Futhi wasengeza, "uMfo uDenndorfer uhlala eHungary."

Umlingane wakhe owayemangele wabuza, "Singahamba nini?

"Kusasa," waphendula uMfo uKrause.

"Sizakuphindela nini emuva ekhaya?" wabuza umlingane.

uMfo uKrause waphendula, "Oh, cishe emva kweviki— uma si *buyela* emuva."

Basebehamba bobabili othisha bokuvakasha beyovakashela u Mfo ka Denndorfer, behamba ngesitimela kanye nangebhasi kusukela eningizimu yentshonalanga yeJalimani ukuya eDebrecen, eHungary—uhambo olude. uMfo uDenndorfer wayenesikhathi eside engenabo othisha ngokuvakasha kusukela ngaphambi kwempi. Manje, ngenkathi ebona lezinceku zeNkosi, wayejabulele kakhulu ukuza kwabo. Ekuqaleni wanqaba ukubaxhawula izandla zabo. Kodwa, wahamba waya ekamelweni lakhe wasethatha ibhokisi ekhabetheni elaliphethe okweshumi kwakhe ayekubekile iminyaka eminingi. Wayesenikeza okweshumi othisha ngokuvakasha bakhe futhi wathi, " Manje sengilungisile kanye neNkosi. *Manje* Ngizizwa ngikulungele ukuxhawula izandla zezincenku zeNkosi" uMfo uKrause wangitshela ekugcineni ukuthi uyewathinteka kakhulu ukuthi lomfo onokholo, ongazange ahlangane neBandla iminyaka eminingi, wayethatha u 10 phesenthi womholo wakhe omcane ngokuthembekile futhi ayezokhokha okweshumi ngawo. Wayibeka engazi ukuba kunini noma wayezoba nethuba lokukhokha yona.

uMfo uWalter Krause washona eneminyaka eyadlula eyishumi nesishagalolunye ubudala. Wasebenza ngokuthembeka futhi elalela empilweni yonke yakhe futhi wayengigqugquzela mina kanye nalabo ekade bemazi. Ngenkathi acelwa ukuba enze imisebenzi, bekangabuzi imibuzo, akazange akhononde, futhi azange abe nesizathu.

Bafowethu kanye nodade bami, isivivinyo esikhulu kulempilo ukulalela. "Sizakubabonakalisa lapha," kwasho iNkosi,"ukubona ukuthi benza zonke izinto iNkosi uNkulunkulu wabo ebanxusa ngakho."[10]

Wamemezela uMsindisi, "Bonke abazakuthola isibusiso ezandleni zami bazakulalela umthetho lowo obekelwe lesosibusiso, kanye nezimiso zawo, njengoba zasungulwa ngaphambi kokuqala komhlaba."[11]

Asikho isibonelo sokulalela esikhona esidlula leso sikaMsindisi. Esakhe Yena, uPhawuli asibona:

"Noma yena ayewaba iNdodana, kepha wafunda ukulalela ngezinto ahlupheka ngazo;

"Futhi wenziwa waba ngolungile, waba ngumbhali wensindiso yangunaphakade kubobonke abamlalelayo."[12]

Wakhombisa uthando lweqiniso lukaNkulunkulu ngokuphila impilo ephelele, ngokuhlonipha injongo engcwele leyo ekungeYakhe. Akazange Yena abenokuzigqaja. Akazange Yena abe nokuzikhukhumeza. Akazange Yena abe ngongathembekileyo. Njalo Yena wayengozithobileyo. Njalo Yena wayengoqinisekileyo. Njalo Yena wayelalela.

Noma-ke Yena walingwa yilowo owayenguthisha wobuqili, kanye

nodeveli; noma-ke Yena wayelula ngokomzimba ekuzileni izinsuku ezingu 40 kanye nobusuku futhi emva kwalokho wayelambile"; kepha Loyo owayekhohlakele wanika uJesu isicelo esihehayo futhi esinokulingeka, Yena wasinikeza isibonelo esikhulu sokuthembeka ngokungavumi ukushintsha kulokho Yena abekwazi ukuthi kulungile.[13]

Wayebhekene nobuhlungu obukhulu baseGetsemani, lapho Yena abekezela ubuhlungu lobo ukuthi umjuluko Wakhe wabasengathi amathonsi egazi awela phansi enhlabathini,"[14] Wafanekisa Indodana eyayilalela ngokuthi, "Baba, uma wena uvuma, susa lenkomishi kimi: noma kunjalo hhayi ngentando yami, kepha eyakho, yenziwe."[15]

Njengoba uMsindisi ayala abaPostoli bakhe bokuqala, futhi
Uyala mina nawe, Ingabe siyafuna ukulalela?[16]

Ulwazi esilufunayo, izimpendulo esizikhanukayo, kanye namandla esiwadingayo namuhla ukuba sihlangabezane nezivivinyo zomhlaba onzima futhi oshintshayo zingaba ngezethu uma sifisa ukulalela imiyalelo yeNkosi. Ngikhuluma futhi ngamazwi weNkosi: "Loyo ogcina imiyalelo ka [uNkulunkulu] uzathola iqiniso kanye nokukhanya, kuze kufike lapho athola khona iqiniso eliyinkazimulo futhi azi zonke izinto."[17]

Kuwumkhuleko wami othobile ukuthi singabusiseka ngemivuzo ethenjisiwe kulowo olalelayo. Egameni likaJesu Kristu, oyiNkosi kanye noMsindisi wethu, amen.

**AMANOTHI**

1. "Oh Isho, Liyini Iqiniso?" *Amaculo,* inombolo. 272.
2. Imfundiso kanye neZivumelwano 93:24, 26–28.
3. 1 uSamuweli 15:22.
4. Imfundiso kanye neZivumelwano 64:34.
5. 1 Nifayi 3:7.
6. uGenesisi 22:12.
7. uGenesisi 22:18.
8. uJoseph F. Smith, "Discourse," *Deseret News,* Nov. 12, 1873, 644.
9. Gordon B. Hinckley, "If Ye Be Willing and Obedient," *Ensign,* Dec. 1971, 125.
10. uAbrahamu 3:25.
11. Imfundiso kanye neZivumelwano 132:5.
12. AmaHeberu 5:8–9.
13. Bona uMatewu 4:1–11.
14. uLuka 22:42.
15. uLuka 22:42.
16. uJohane 21:15.)
17. Imfundiso kanye neZivumelwano 59:7, 21.

# Ukufundisa kweSikhathi Sethu

Izifundo ngeSonto lesine zobuPristi bukaMelkhezediki kanye Nenhlangano Yabesimame Yenkululeko zizonikezelwa ku "Ukufundiswa kweSikhathi Sethu." Isifundo ngasinye singalungiselelwa ukusukela enkulumeni eyodwa noma eziningi ezinikeziwe eduzane nje kwinkomfa kawonke wonke. Omongameli beSteki nabesifunda bangakhetha ukuthi eziphi izinkulumo abangazisebenzisa, noma bangakhetha ukunikeza obhishobhu kanye nabomongameli begatsha umsebenzi. Abaholi kumele bagcizelele ubungakho bababafowethu bobuPristi buka Melkhezediki kanye nabodade Benhlango Yabesimame Yenkululeko ukuba bafunde izinkulumo ezifanayo ngamasonto afanayo.

Labo abeza ngeSonto lesine bakhuthazwa ukuba bafunde balethe ekilasini umshicilelo wephepha bhuku wamuva nje wenkomfa kawonke wonke.

**Iziboniso uma ulungiselela Isifundo esivela eZinkulumeni**

Khulekela ukuthi uMoya Oyingcwele ube nawe ngenkathi ufunda futhi ufundisa (izi) inkulumo. Ungahle ulingeke ukulungiselela isifundo ngokusebenzisa ezinye izinto, kepha izinkulumo zenkomfa izifundo eziyinxenye yezimfundo ezikhethiwe ukuba zifundiswe. Umsebenzi wakho ukusiza abanye bafunde futhi baphile ivangeli njengoba lifundiswe kwinkomfa kawonke wonke yamuva nje yeBandla.

Bukisisa izinkulumo, ubheke imithetho kanye nemfundiso yobuKristu leyo ehlangabezana nezidingo zamalungu ekilasini. Futhi funa izinganekwane, ubheke imiboniso esemibhalweni engcwele kanye nezimfundiso ezivela kwi (izi) nkulumo zekomfa ezizokusiza ukuba ufundise lamaqiniso.


Ketha indlela leyo ozokufundisa ngayo imithetho kanye nezimfundiso zobukristu. Cabanga ngemibuzo ezosiza amalungu ekilasi:

- Bheka imithetho kanye nezimfundiso zobukristu (ezi) enkulumeni.
- Cabanga ngokuthi zisho ukuthini.
- Yabelana ngemiqondo ezwakalayo, ngokwaziyo, kanye nobufakazi.
- Sebenzisa lemithetho kanye nemfundiso zobukristu ezimpilweni zabo.

| IZIFUNDO ZEZINYANGA ZIYAFUNDISWA | IZINTO ZESIFUNDO SESONTO LESINE |
|---|---|
| uApril 2013–uOkthoba 2013 | Izinkulumo ezinikeziwe kwinkomfa kawonkewonke kaApril 2012 * |
| uOkthoba 2012–uApril 2013 | Izinkulumo ezinikeziwe kwinkomfa kawonkewonke kaOkthoba 2012 * |

**KuApril kanye noOkthoba izifundo ezine-zangesonto, (izi) inkulumo zingakhethwa kwinkomfa edlulile noma yamuva nje. Lezinkulumo zitholakala (ngamalimi ahlukahlukene) e conference.lds.orgconference.lds.org.*

© 2012 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. All rights reserved. Printed in USA. Isingisi esivunyelwe: 6/12. Ukuhumusha okuvunyiwe: 6/12. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, May 2013*. isiZulu. 10665 783



**NguMongameli uHenry B. Eyring**
Ikhansela Lokuqala kubuMongameli Bokuqala

# "Yizani Kimi"

*Ngamazwi Akhe kanye nesibonelo Sakhe, uKristu usibonisile ukuba thina singasondela kanjani Kuyena.*

Ngiyajabulela ukuba nani kulenkomfa yeBandla likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku Zokugcina. Leli iBandla Lakhe. Sithatha igama Lakhe njengoba singena eMbusweni Wakhe. Yena unguNkulunkulu, uMdali, futhi uphelele. Singabaphilayo ngokwenyama sizokufa futhi siyona. Ngenxa yothando Lwakhe kithi kanye nemindeni yethu, Usimema ukuba sisondele Kuye. Lawa amazwi akhe: "Zilethe eduzane nakimi futhi Nami ngizozisondeza kuwe; ngifune ngokwempela futhi uzangithola; cela, futhi uzakuphiwa; ngqongqoza, futhi uzakuvulelwa."[1]

Kulesikhathi sephasika siyakhunjuzwa ukuba kungani simthanda Yena kanye nesithembiso Yena asenzayo kubalandeli Bakhe ukuba babengabangane Bakhe abathandekayo. Umsindisi wabeka lesosithembiso futhi wasitshela ukuthi singenza kanjani, ekusebenzeleni Yena, Angeza kithi. Esinye sezibonelo sikwisambula kuOliver Cowdery njengoba asebenzela iNkosi kanye noMprofethi uJoseph Smith ekuhumusheni Incwadi kaMomoni: "Mamelani, wena Oliver, futhi ngikhulumile kuwena ngenxa yezifiso zakho; ngakho-ke gcina kahle lamagama enhlizweni yakho. Yiba nokholo futhi uzimisele ekugcineni imiyalelo kaNkulunkulu, futhi ngizokuzungeza ngezingalo zothando lwami.[2]

Ngezwa injabulo yokusondela eduzane koMsindisi kanye nokusondela Kwakhe kimi kakhulukazi ngokwenza izenzo zokulalela imiyalelo.

Uyewazithola izifundo ezinjalo. Kungahle kwenzeke ngenkathi ukhetha ukuya kwinhlangano yesidlo seNkosi. Kwenzeka kimi ngeSabatha ngenkathi ngisemcane. Ngalezozinsuku sasithola isidlo seNkosi emhlanganweni wasihlwa. Inkumbulo yosuku olululudwa emva kweminya engu 65 eyadlula, ngenkathi ngigcina imiyalelo wokuhlanganyela kanye nomndeni wami futhi nabaNgcwele, kusangisondeza kanye noMsindisi.

Kwakumnyama futhi kumakhaza ngaphandle. Ngiyakhumbula ngizizwa ngilula futhi ngifudumele esontweni kuleyontambama kanye nabazali bami. Sathabatha isidlo seNkosi, esalungiswa ngabaphethe ubuPristi bukaAroni, sivuselela isivumelwano kanye noBaba wethu waseZulwini ukuba sikhumbule njalo iNdodana Yakhe futhi sigcine Imiyalelo Yakhe.

Emva kokuphela komhlangano sahlabelela iculo "Abide with Me; Tis Eventide," kanye namagama alo athi "O Msindisi, hlala nami kulobusuku."[3]

Ngezwa uthando lukaMsindisi kanye nokusondela Kuyena ngalobobusuku. Futhi ngezwa ukunethezeka koMoya oNgcwele.

Ngafuna ukuvuselela futhi imizwa yothando loMsindisi kanye nokubaseduzane Kwakhe engayizwa kulowomhlangano ngisemusha. Ngakho-ke maduzane nje ngagcina enye yemiyalelo. Ngacinga kwimibhalo engcwele. Kuwo, ngangikwazi ukuthi ngingabuyela emuva ngivumele uMoya oNgcwele ungenze ngizwe lokho izinceku zeNkosi eyavuka ezakuzwa ngenkathi bevumela isimemo Sakhe sokungena emakhaya abo ukuba ahlale nabo.

Ngafunda ngosuku lwesithathu emva kokuBethelwa Kwakhe kanye nokuncwatshwa Kwakhe. Abesifazane ababekholiwe kanye nabanye bathola itshe lisunduziwe ethuneni futhi babona ukuthi umzimba wakhe wawungekho lapho. Beza ngothando ababenalo ukuzohlanza umzimba wakhe.

Izingilosi ezimbili zama futhi zabuza ukuba yingani benovalo, bethi:

"Yingani nifuna ophilayo kwabafileyo na?

"Akekho lapha, kepha uvukile: khumbula ukuba wakhuluma kanjani kini ngenkathi eseGalilee,

"Ethi, iNdodana yomuntu izakulethwa ezandleni zamadoda ayizoni, futhi abethelwe, futhi ngosuku lwesithathu avuke futhi."[4]

Ivangeli likaMaku liyangeza indlela evela kwingelosi eyodwa: "Kepha hamba, utshele izinceku

zakhe kanye noPeter ukuthi uhambe kuqala kunawe eya eGalilee: yilapho enizakumbona khona njengoba anitshela."[5]

AbaPostoli kanye nezinceku zahlanganyela eJerusalema. Njengoba nathi sasizoba njalo, babenovalo futhi bemangele njengoba bekhuluma bebodwa mayelana nokufa kanye nomlayezo wokuvuka kwabafileyo Kwakhe ukuba kwakuthini kubona.

Ababili bezinceku bahamba kuleyontambama kusukela eJerusalema endleleni eya eEmmaus. uKristu ovukule wavela endleleni futhi wahambisana kanye nabo. iNkosi yeza kubona.

iNcwadi kaLuka isivumela ukuba sihambe nabo:

"Kwadlulla lokho, ukuthi, ngenkathi bekhuluma bonke futhi becabanga, uJesu ngokwakhe waziletha eduzane, futhi wahamba nabo.

"Kepha amehlo abo avimbela ukuthi bangamazi.

"Wayesthi kubona, Indlela enjani lena yokukhuluma nomunye nomunye wenu, njengoba nihamba, futhi nidumele?

"Futhi omunye wabo, igama lakhe kunguCleopas, ephendula wathi kuyena, Ungumafikizolo na lapha eJerusalema, futhi awazi izinto ezenzeka lapha kulezinsuku?[6]

Bamtshela ngokudumala ababenakho ngokuthi uJesu ushonile futhi besebathembele ukuthi uzakuba umkhululi waseIsrayeli.

Kwaba nozwelo kwizwi leNkosi evukileyo njengoba ekhuluma nalezinceku ezidumele futhi ezizilile:

Wasethi kubona, Yizilima, kanye nalabo abanezinhliziyo ezikholelwa konke okushiwo abaprofethi:

Uma kungezanga kube nguKristu ohluphekile ngalezinto, futhi nikwazi ukungena embusweni wakhe?

"Qala ngoMose kanye nabobonke abaprofethi, wanaba kubona ngayoyonke imbhalo engcwele izinto eziphathelene nabo."[7]

Kwase kuza isikhathi leso esifudumeze inhliziyo yami kusukela ngisengumfanyana.

"Basondela kakhulu ekhaya, ngaphakathi bangena: wenza sengathi wayezongena phakathi kakhudlwana.

"Kepha bamphoqela, bethi, hlala kanye nathi: ngokuba kwakusekuhlwile, futhi usuku soluphelile. Wasengena phakathi nabo."[8]

Umsindisi wavumela isimemo ngalobobusuku ukuyongena endlini yezinceku Zakhe maduzane nedolobhana laseEmmaus.

Wadla kanye nabo. Wathatha isinkwa, wasibusisa, wasihlephula, wase esinikeza bona. Amehlo abo avuleka ukuze bakwazi ukumazi. Wase enyamalala emehlweni abo. uLuka wabhala phansi imizwa yalezo zinceku ezazibusisekile: "Bakhuluma bebodwa, izinhliziyo zethu azange sishaye kangakaka ngaphakathi kwethu, njengoba akhuluma kanye nathi, futhi ngenkathi avulela thina izincwadi zenkolo?"[9]

Ngalelohora, izinceku ezimbili zagijimela emuva eJerusalema ukuyotshela abapostoli abayishumi nanye ukuba kwenzekeni kubona. Kolowomzuzu uMsindisi wavela futhi.

Wabhekisisa ukuprofithwa kwenhloso Yakhe ukuba ahlatshilelwe izono zabo bonke abantwana bakaBaba Wakhe kanye nokunqamula isibopho sokufa.

"Wasethi kubona, Kubhaliwe, kuzakuba nguKristu ozakuhlupheka, futhi avuke kwabafileyo ngosuku lwesithathu:

"Futhi ukuguquka kanye nokuhlanzwa kwezono kumele kushumayelwe egameni Lakhe kuzozonke izizwe, kuqala ngeJerusalema.

"Futhi nina ningofakazi bazo lezinto."[10]

Amazwi woMsindisi ayiqiniso kithina futhi njengoba ayenjalo kwizinceku Zakhe. Singofakazi balezinto. Futhi icala elihle kakhulu esalivumela ngenkathi sibhabhadiswa eBandleni likaJesu Kristu Labangcwele Bezinsuku-zokugcina lenzelwe thina sobala ngumprofethi uAlma kumakhulu wonyaka adlulayo emanzini kaMomoni:

"Futhi kwasekwedlula ukuthi wakhuluma kubo: Lalelani, lawo ngamanzi kaMomoni (ngokuba abizwa njalo) futhi manje, njengoba nifisa ukuza eduzane kukaNkulunkulu, futhi nibizwe ngabantu bakhe, futhi nizimisele ukuthwala umthwalo womunye nomunye wenu, ukuze ube lula;

"Yebo, futhi nizimisele ukuzila kanye nalabo abazilayo; yebo, futhi nibanethezekise labo abadinga ukunethezeka, futhi nibe ngofakazi bakaNkulunkulu ngasosonke isikhathi kanye nakuzinto zonke, futhi nakwizindawo zonke enikuzo, kanye nasekufeni, ukuze nikhululwe nguNkulunkulu, futhi nibalwe kanye nalabo bakuqala abavuswa kwabafileyo, ukuze nibe nempilo yangunaphakade—

"Manje ngithi kini, uma lokhu kuyisifiso sezinhliziyo zenu, ninani eningakuphikisa mayelana nokubhabhadiswa egameni leNkosi, njengofakazi phambi kwakhe ukuthi ningene esivumelwaneni kanye naye, ukuthi nizakumsebenzela futhi nigcine imiyalelo yakhe, ukuze athele kakhulu uMoya ongcwele wakhe kinina?

"Manje ngenkathi futhi abantu bezwile lamazwi, bajabula beshaya izandla, basho ngokuqinisekisa: Lokhu kuyisifiso sezinhliziyo zethu."[11]

Siyavuma ukuphakamisa labo abanezidingo kanye nokubangofakazi boMsindisi ngesikathi sisaphila.

Sizakwenza ngaphandle kokuhlululeka kuphela nje uma sisasenothando kuMsindisi futhi nothando Lwakhe kithina. Njengoba sinokholo ezithembisweni zethu esizenzile, sizakuzwa uthando Lwakhe. Luzakukhula ngokuba sizakuzwa amandla Akhe kanye nokuziletha Kwakhe eduzane nathi kumsebenzi Wakhe.

uMongameli uThomas S. Monson usikhumbuzile esikhathini esiningi ngesithembiso seNkosi ezincekwini Zakhe ezinokholo: "Futhi loyo ozwa nina, nami futhi ngizakuba lapho, Ngokuba ngizakuba nani. Ngizoba ngasesandleni sakho sokudla kanye nesobunxele, futhi uMoya wami uzakuba ezinhlizweni zenu, futhi izingelosi zami zizungeze nina, ukuze zinibonise nina" (DC 84:88).[12]

Kunenye indlela lapho mina kanye nawe siyesamuzwa esondelana kanye nathi. Njengoba sizinikezela ngokupheleleyo ngomsebenzi wethu Kuye, uzisondeza kakhulu kulabo esibathandayo emindenini yethu. Ngasosonke isikhathi uma ngibiziwe emsebenzini weNkosi ukusuka noma ngishiye umndeni wami, ngibonile ukuthi iNkosi ibusise umkami kanye nezingane zami. Ulungisile izinceku Zakhe ezithandekayo kanye namathuba okusondeza umndeni wami Kuye.

Nisizwile isibusiso esinjalo ezimpilweni zenu. Abaningi benu banabathandekayo abadukile endleleni yempilo yangunaphakade. Niyazibuza ukuba yini enye eningayenza ukuba nibabuyisela futhi endleleni. Ungathembela eNkosini ukuzisondelanisa kanye nabo njengoba usebenzela Yena ngokholo.

Uyakhumbula isithembiso seNkosi kuJoseph Smith kanye no Sidney Rigdon ngenkathi bekude nemindeni yabo kumsebenzi Wakhe: "Bangane bami Sidney kanye noJoseph imindeni yenu iphilile, isezandleni zami, futhi ngizokwenza lokho kubona engikubona kulungile; ngokuba kimi kunamandla onke."[13]

Njengo Alma kanye neNkosi uMozaya, abanye abazali abanokholo basebenzele iNkosi isikhathi eside kepha izingane zabo zidukile noma-ke abazali babo bazinikele eNkosini. Benze konke abakhonile ukukwenza kepha akusizanga lutho, ngisho nosizo oluvela kubangani abathandekayo futhi nabanokholo

uAlma kanye nabaNgcwele bezinsuku zakudala bakhulekela indodana kanye namadodana weNkosi uMozaya. Ingelosi yavela. Imikhuleko yenu kanye nemikhuleko yalabo abasebenzisa ukholo lwabo izakuletha izinceku zeNkosi ukuba zisize amalungu emindeni yenu. Bazakubasiza ukuba bakhethe indlela eya ekhaya kuNkulunkulu, noma belingwa nguSathane kanye nabalandeli bakhe, okuyinhloso yakhe ukubhidliza imindeni kulempilo futhi nakwimpilo yangunaphakade.

Niyakhumbula amazwi akhulunywa yingelosi kuAlma owayemcane kanye nakumadodana kaMozaya ekulweni kwabo:Futhi, ingelosi yathi: Lalelani, iNkosi iyizwile imithandazo yabantu bakhe, kanye nemithandazo yenceku yakhe, uAlma, yena owubaba wenu; ngokuba uthandazile ngomkhuleko wakhe omkhulu mayelana nani ukuze nikwazi ukuthola iqiniso; ngakho-ke, mayelana nalakhu ngize ukuzonenza nikholwe ngamandla kanye negunya likaNkulunkulu,ukuthi imithandazo yezinceku zakhe zingaphenduleka ngokholo.[14]

Isithembiso sami kini kulabo abakhulekayo futhi abasebenzela iNkosi angeke kube ukuthi uzakuthola zonke izibusiso ozifisayo kanye nomndeni wakho. Kepha ngingakuthembisa ukuthi uMsindisi uzakusondela kuwe futhi akubusise kanye nomndeni wakho ngalokho okulungileyo. Uzakuthola ukunethezeka okuvela kuthando Lwakhe futhi uzwe impendulo Yakhe ngokusondelana nawe njengoba unikezela ngesandla sakho ukusiza abanye. Njengoba unikeza usizo kulabo abanezidingo futhi uletha ukuhlanza Kokuhlawulelwa Kwakhe kulabo abezwa ubuhlungu kwizono, amandla weNkosi azakuxhasa. Izingalo Zakhe zilulekile kanye nezakho ukuxhasa futhi nokubusisa abantwana bakaBaba wethu waseZulwini, kanye nalabo abasemndenini yakho.

Kunokuza kwasekhaya okuhle okulungiselele thina. Sizakubona isithembiso esifezekile seNkosi esiyithandayo. Nguyena osihlangabezayo empilweni yangunaphakade kanye noBaba wase Zulwini. uJesu Kristu uyichaza kanjena:

"Funa ukuletha phambili futhi wakhe iZiyoni yami. Gcina imiyalelo yami kuzozonke izinto.

"Futhi, uma ugcina imiyalelo yami futhi ubekezela kuze kube sekugcineni uzakuthola impilo yangunaphakade, isipho leso esikhulu ukwedlula zonke izipho zikaNkulunkulu."[15]

"Labo abaphilayo bazathola umhlaba, labo abafayo bazakuphumula emisebenzini yabo, futhi imisebenzi yabo izakubalandela; futhi bazakuthola isicoco ekhaya elikhulu likaBaba wami, lelo engililungiselele bona."[16]

Ngibeka ubufakazi ukuthi ngoMoya ongcwele singalandela isimemo sikaBaba waseZulwini: "Lona iNdodana Yami Ethandekayo. Lalela Yena![17]

Ngegama Lakhe kanye nangesibonelo Sakhe, uKristu usibonisile ukuba singasondela kanjani Kuyena. Yonke ingane kaBaba waseZulwini okhethe ukungena ngesango lokubhabhadiswa eBandleni Lakhe uzakuthola ithuba kulempilo ukuba afundiswe ivangeli Lakhe futhi ukuzwa izinceku Zakhe ezibiziweyo ngesimemo Sakhe, "Yizani kimi."[18]

Yonke inceku Yakhe enze isivumelwano embusweni Wakhe emhlabeni kanye nasemhlabeni wongomoya izakuthola ukukhonjiswa Nguye ngoMoya ongcwele njengoba babusisa futhi basebenzela Yena ngokusiza abanye. Futhi bazakuzwa uthando Lwakhe futhi bathole injabulo njengoba besondelana kanye Naye.

Ngingubufakazi Bokuvuka kwabafileyo beNkosi ngesiqiniseko sengathi bengikhona kulobobusuku kanye nezinceku ezimbili endlini esemgwaqweni iEmmaus. Ngiyazi kamhlophe ukuthi uyaphila njengoJoseph Smith ngenkathi ebona uBaba kanye neNdodana ekukhanyeni kwasekuseni phakathi kwehlathi ePalmyra.

Leli iBandla leqiniso likaKristu. Kuphela nje ngezikhiye zobupristi eziphethwe nguMongameli uThomas S. Monson amandla wokuba sihlale ndwawonye siyimindeni ukuba siphile ingunaphakade kanye noBaba wethu waseZulwini futhi neNkosi uJesu Kristu. Sizakuma phambi koMsindisi Ngosuku Lokwehlulelwa, ubuso nobuso. Kuzakuba yisikhathi senjabulo kulabo abazisondeze Kuyena ngomsebenzi Wakhe kulempilo. Kuzakuba injabulo ukuzwa amazwi: "Usebenzile, wena olungile futhi onokholo nceku."[19] Ngalokho ngibeka ubufakazi bami njengofakazi womsindisi onyukile futhi Ongumkhulule wethu egameni likaJesu Kristu, amen.

